

# SIFIKILE ISIKHATHI SENTELA KULABO ABASEBENZISA I-EFILING NE-SARS MOBIAPP

**PRETORIA, ngoMsombuluko 1 kuNtulikazi 2019** – IPhini likaNgqongqoshe wezeziMali, uDkt David Masondo, noKhomishana woPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS), uMnu Edward Kieswetter, baqalise isikhathi seNtela 2019 kubakhokhintela abasebenzisa imigudu yedijithali ethuthukisiwe i-eFiling kanye ne-SARS MobiApp.

## **Okunye okuthuthukisiwe nezinguquko esikhathini seNtela 2019**

Uma siqhathanisa neminyaka eyedlule, ukuze sithuthukise usizo kubakhokhintela siphinde sigqugquzele ukushintshela ekubuyiseni amaphepha entela nge-inthanethi, isikhathi seNtela sihlukaniswe ngezigaba.

Lokhu kunika abakhokhintela ithuba lokusebenzisa i-SARS eFiling kanye ne-SARS MobiApp kuma-smart phones nakuma-tablets ukuthumela amaphepha abo entela kusukela namuhla (1 kuNtulikazi) kuze kube mhla zi-4 kuZibandlala 2019. Abakhokhintela abafisa ukusebenzisa i-inthanethi okokuqala nabo bangabhalisa ukusukela mhla lu-1 kuNtulikazi.

Abakhokhintela abafuna ukuthumela amaphepha abo entela egatsheni lakwa-SARS bangakwenza lokho kusukela mhla lu-1 kuNcwaba kuze kube mhla zingama-31 kuMfumfu 2019, okuyisikhathi esifishane kunalesi salabo abasebenzisa i-SARS eFiling kanye ne-SARS MobiApp.

## **Ukuthuthukiswa komgudu**

Abakwa-SARS bethule amasu ambalwa emigudwini yedijithali kulesi siKhathi seNtela 2019. Lokhu kubandakanya usizo olusha ku-SARS MobiApp kuma-smart phones nakuma-tablets olufana nalolu: ukubhalisela i-eFiling, ukuthola igama lomsebenzisi nokulungisa kabusha igamamfihlo, ukuthumela amaphepha okubuyisa intela nokusebenzisa ikhamera ukufaka amadokhumenti, kanjalo nokubala intela.

Abakwa-SARS baphinde balungisa i-eFiling ukuze ukuthungatha kube lula.

KuNtulikazi, i-SARS Contact Centre izosebenza kusukela ngehora le-8 ekuseni kuya kwelesi-6 ntambama ngezinsuku zokusebenza, nokuyisikhathi esiyihora esengeziwe.

## **Umkhawulo wengeniso**

Inani elingaphezulu kwengeniso elithelayo okumele abakhokhintela bakhokhe intela kulo nalo lichitshiyelwe. UKhomishana wakwa-SARS uveze ukuthi ngesikhathi esiphakathi komhla lu-1 kuNdasa 2018 - 28 kuNhlolanja 2019, inani lalingu-R78 150 kulabo abanengeniso abangaphansi kweminyaka engama-65 yobudala.

Kodwa-ke, lokhu akusho ukuthi abakhokhintela abakhokha intela kudingeka ukuba bathumele amaphepha okubuyisa intela.

## **Umgomo wokuthumela**

Abakhokhintela abadingi ukuthumela amaphepha okubuyisa intela uma behlangabezana nayo yonke le migomo elandelayo:

- Uma isamba sengeniso lonyaka ngaphambi kokubanjelwa intela singaphansi kuka-R500 000
- Uma bethola ingeniso kumqashi oyedwa unyaka wonke wentela.
- Uma ungenayo enye indlela engenisa imali (isib. imali oyinikelwa imoto, izinzuzo ezengeziwe zenkampani, imali engena ngebhizinisi, inzalo etheliswa noma imali engena ngokuqashisa noma ingeniso elivela komunye umsebenzi)
- Uma zingekho izicelo sokukhokhelwa kunoma yiziphi izimali ezibanjwayo ezihlobene nentela (isib. izindleko zokwelashwa, iminikelo yesikhwama somhlalaphansi, izindleko zokuhamba).

Abakhokhintela abangadingi ukuthumela amaphepha entela, bazothola izibalo ezilinganisiwe ezivela kwa-SARS nge-SMS okuzobe kuncike olwazini abaqashi neminye imithombo abalunike abakwa-SARS. Umphumela uzokhombisa umkhokhintela ukuthi yini angayilindela yize engawathumelanga yena qobo amaphepha okubuyisa intela. Abakhokhintela bangawemukela umphumela wesibalo noma bathumele kabusha amaphepha entela noshintsho abafisa ukulwenza.

## **Okuzokwenziwa ukuphoqelela umthetho**

Yize abakwa-SARS sebethathe izinyathelo zokwenza kube lula ukuthobela, bafisa ukuzwakalisa ukukhathazeka kwabo ngale mikhuba elandelayo, futhi baqinisekise bonke labo abangathobeli ukuthi bazinikele ekuphoqeleleni umthetho ukuze kulungiswe le ndlela elandelayo yokuziphatha:

1. Ukungabuyiswa kwamaphepha entela nalawo athunyelwa sekudlule isikhathi kuyinkinga kanti abakwa-SARS bazonyusa amasokisi ekuphoqeleleni izinhlawulo kulokhu. Abakhokhintela abaningi namanje abalidaluli ingeniso lerenti yezakhiwo kanti sizothuthukisa ukuqhathanisa imininngo kulokhu ngokuthi sisebenze ngokubambisana neHhovisi lamaTayitela. Lokhu kuqhathanisa kuzosisiza sikwazi ukuphoqelesa ukuthobela kokudalulwa kweNtela yenzuzo yengqalabhezini i-Capital Gains Tax
  2. Sizophinde sivuselele ukugxila kwethu ekuqapheni ingeniso nezindleko kulabo abahola ikhomishini
  3. Sikhathazekile ngokushaya emhloveni kokudalula kokwaBiwa kuye noma kusuka kumaQomangcebo kuya kulabo abahlomulayo
  4. Siphinde saqaphela ukuthi labo abalungisa iNtela bethembisa abakhokhintela ukuthi bazobuyelwa izimali. Bangosomathuba lapho befaka khona ingeniso elingaphansi kwelifanele noma babeke izindleko ezingaphezulu kwezikhona. Lokhu kuyicala elibomvu kanti bangathwala icala kanjalo nezinhlawulo abakhokhintela okusamele bathumele amaphepha abo kwa-SARS
  5. Kuqanjwa izimali ezibuyayo ezingelona iqiniso ukuze kufakwe isicelo sezindleko nencitho engelona iqiniso kuphinde kusungulwe ama-IRP5 omgunyathi ukuze kufakwe izicelo zokubuyiselwa imali.
  6. Ukukhwabanisa ngokuthumela amaphepha amaningi entela ukuze ube sethubeni lokuthola izimali ezibuyayo, kanjalo nokuphinda kusetshenziswe ama-IRP5 kubantu abehlukene
  7. Sisebenza ngokuzikhandla ukuthuthukisa isithunzi sethu ngokusebenzisa indlela yokukhombisa ubungcuphe kanjalo nokukhulisa imininingo yethu. Ngonyaka owedlule abakwa-SARS banqanda ukukhwabanisa kwamaphepha entela okwakuzokhokhwa kukho imali engaphezulu kuka-R8.2bn
  8. Okwamanje sisebenzisana namaPhoyisa ne-NPA ukuze sibeke amacala abakhwabanisi kanti sekuboshwe abakhokhintela abambalwa ngokungathobeli. Sikwazile futhi ukubopha nezinye zezisebenzi zethu ezisebenzisana nabakhokhintela
  9. Siqalisa ukugxila okwenziwe kabusha kubantu be-HNW abavamise ukuhlela izinto zabo ngezindlela ezibukhuni, abavamise ukuveza ubungozi obuphezulu bokuthobela kwabakwa-SARS.
- Abakwa-SARS banxusa amaqashi ukuba babhalise izisebenzi zabo. Abasafuna umsebenzi abadingi ukuya egatsheni lakwa-SARS bezobhalisa.